UHLELO OLUZOSETSHENZISWA LUKA-2014

Endleleni Ebange Ekufezekiseni Ukufunda ngo-2025

ISIZULU

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Ezemfundo yesikole zika-2025: Umbono

Lokhu okulandelayo kubalula lapho uMnyango wezeMfundo esemaZingeni aPhansi ifisa ukufinyelela khona ngonyaka ka-2025:

ABAFUNDI …

Kulindeleke ukuba bafike esikoleni ngesikhathi, nsuku zonke kanti futhi benze umsebenzi wabo wesikole ngokukhulu ukuzimisela. Kulindendeleke ukuba babe nokufinyelela amakhompyutha, ukudla okunomsoco, ezemidlalo kanye nemigubho/dlalo yesiNtu. Kulindeleke ukuba babe nobudlelwano obesekwe phezu kwenhlonipho nabangani babo kanye nothisha abathembekileyo.

OTHISHA …

Kulindeleke ukuba babe nokuzethemba, baqeqesheke ngokupheleleyo kanti futhi baqhubeke njalongokuthuthukisa amakhono abo. Kumele bazimisele njalo ukunika abafundi imfundo esezingeni eliphakeme, ngokwenzenjalo-ke, bazobe bethuthukisa umphakathi. Kulindeleke ukuba baneliseke emsebenzini wabo ngoba besebenza kahle, kanti futhi neholo labo lilingana uma liqhathansiswa nelabantu abasebenza eminye imisebenzi.

OTHISHANHLOKO …

Kulindeleke ukuba baqinisekise ukuba ukufundisa kuqhubeka njengoba kubalulilwe kukharikhulamu kazwelonke. Kumele basebenzise ubuholi babo ukuthuthukisa ukusebenzisana, kanye nendlela efanele yokusebenza emphakathini wesikole nangaphandle.

ABAZALI …

Banolwazi oluphelele ngokwenzeka esikoleni futhi bathole amibiko yemiphumela yezingane zabo ngokuvamile babone ukuthi zisebenza kanjani ngokwamazinga acacile afanayo ezikoleni zonke. Bayazi ukuthi bayalalelwa kanye nokuthi futhi noma yiziphi izinkinga abanazo ziyoxazululwa yizikhulu zezemfundo kuwo onke amazinga.

IZINSIZA ZOKUFUNDA NEZOKUFUNDISA …

Kulindeleke ukuba zitholakale ngobuningi kanti futhi zibe sezingeni eliphezulu. Kumele othisha kanye anabafundi bakwazi ukusebenzisa amakhompyutha ukuze bathole ulwazi abaludingayo.

IZAKHIWO ZESIKOLE KANYE NEZISETSHIZNZISWA …

Kulindeleke ukuba zibe nkulu ngokwanele, zisebenziseke, ziphephe kanti futhi zinakekelwe, zigcinwe zihlanzekile. Kumele abafundi kanye nothisha banakekele izakhiwo zesikole kanye nezisetshenziswa ngoba ziyigugu lesikole.

Uhlelo Oluzosetshenziswa luka-2014

Lolu hlelo Oluzosebenza yiqhinga le-DBE oluzoqinisa izindawo ezintengayo ohlelweni lwezemfundi ezikhonjwe njengezidinga ukwesekwa. Sabunjwa kanye nePresidency's 2009 National Strategic Planning futhi lususelwa emqulwini ongumhlahlandlela, *Wokwenza ngcono Ukusebenza kukaHulumeni: Indlela yethu.*

Ngokwenza ngcono ukusebenza kulezi zindlela ezikhonjiwe, abafundi bazozuza emfundweni esezingeni eliphezulu. Nesizwe sonke sizohlomula, njengoba isikole siphothula ngamakhono angcono namazinga olwazi aya phambili naphakeme emfundo kanye nasemsebenzini.

Lo mqulu ufinqa umbhalo wokuqala woHlelo Oluzosetshenziswa, ubungcono obungalindeleka, kanye nalokho okungenziwa abahlali jikelele abangakwenza ukubamba iqhaza ekwenzini ukufunda okungcono.

IZINHLOSO ZESIKHATHI ESIFUSHANE, UMBONO WESIKHATHI ESIDE

Umbhalo wokuqala woHlelo Oluzosetshenziswa lubeke izinhloso uhlelo lwezemfundo lukazwelonke olusebenzela kulo kanye nokuzokwenziwa ukuze kufezekiswe le zinhloso ngo-2014. Lezi yizinyathelo zokuqala ezibheke ekuboneni isithombe esikhulu, nesesikhathi eside, semfundo esezingeni ezikoleni ngo-2025. Lombono ubizwa, Ngemfundo yesikole ka-2025.

UWONKEWONKE UNEQHAZA OKUMELE ALIBAMBE

Ngokunjalo, Uhlelo Oluzosetshenziswa lukhombisa wonke umuntu onentshisekelo kuloluhlelo ukuthi yimiphi imisebenzi okufanele ahlanganyele kuyo ukuze aphumelelise inhloso ngayinye ohlelweni. Iphakamisa nezindlela kulabo abangaphandle komkhakha wezemfundo abanganikeza ngazo izinsiza noma ochwepheshe ukweseka lezi zinhloso.

IZINHLOSO EZICACILE, NAMASU AGUQUGUQUKAYO

Uhlelo Olusetshenziswayo lubeke izinhloso eziyi-13 okufanele zifezekiswe, ezihambelana nokufunda nokubhaliswa. Ukwengeza, ibeke izifundo eziyi-kwezemfundo okudingeka zenziwe ngcono ukuze kufezekiswe lezi zinhloso. I-BDE kodwa, ayibatsheli abantu ukuthi yini ngempela okufanele bakwenze ukuze bafezekise lezi zinhloso. Le ndlela izovumela izinga lokuguquka ukuze izikole kanye nemiphakathi yazo izosungula izinhlelo efanele isimo sayo.

UKUKALA INQUBEKELAPHAMBILI: UHLOLO LUKAZWELONKE LONYAKA (ANA)

Onyakeni ngamunye, bonke abafundi beBamga 1 kuya ebangeni lesi-6 & 9 bazobhala izivivinyo zikazwelonke zezolimi (ulimi lwasekhya nolimi lokuqala olwengeziwe) nezibalo ekupheleni konyaka. Inhloso yalokhu ukumisa kwesilinganiso sikazwelonke esiyiqiniso okuzokalwa ngaso ilithiresi nokubala namazinga afezekisiwe ezikoleni ezisemabangeni aphansi ekupheleni konyaka. ukuze, ukuze ubungcono bulinganiswe ngokuqonde ngqo kwenziwe nemiklamo efanele lapho kudingeka khona usizo olwengeziwe.

Othisha bazokwenza isilinganiso zalezi zivivnyo ezisezingeni ngokwemiyalelo inikezwa ye-DBE.

Abazali bazothola imiphumela ye-ANA emakhadini emiphumela yonyaka ekupheleni konyaka. Imikhndlu elawula izikole (SGBs) izothola umbiko omkhulu wesifunda umbiko i-ANA, nabazokwabelana ngayo nabanye abazali esikoleni, ukuze baqhathanisa imiphumela yabo ye-ANA naleyo yezinye izikole esefundeni.

Iqiniso lokukhiphela imiphumela emphakathini akukhona ukuhlambalaza izikole noma ukwakha umqondo "wabawinile" noma "abahlulekile" kodwa ukunikeza izikole kanye nemiphakathi yazo abazali bophakathi umqondo wokuqhathanisa imiphumela yabo neyezinye izikole.

Ngo-2011, izivivinyo ze-ANA sezilimi nesezibalo sizokwethulelwa abafundi beBanga-9.

> "Ngokwenza ngcono ukusebenza kulezi zindlela ezikhonjiwe, abafundi bazozuza emfundweni esezingeni eliphezulu."

Izinhloso Zohlelo oluSetsheziswayo...

Uhlelo Oluzosetshenziswa luqukethe izinhloso ezingama- 27 .

UMKHIQIZO WEZINHLOSO UGXILE EZILINGANISWENI EZISEMAZINGENI AMANCANE

Inhloso 1. Ukwandisa inani labafundi beBanga-3 okuzothi, ekupheleni konyaka, babe sebesifundile isilinganiso esingaphansi solimi sebekwazi nokubala kweBanga 3. I-baseline yango-2009 baseline: Balinganiselwa ku- 48% (lithiresiy) no-43% (ukubala); Ngo-2014 ithagethi: 60% kuzo zozimbili izifundo.

Inhloso 2. Kwandiswa inani labafundi beBanga 6 abazobe sebefunde isilinganiso solimi nezibalo ekupheleni konyaka ngokwezinga leBanga 6. Ngo 2009 baseline: Balinganiselwa ku-37% (lithiresi) nayi-19% (izibalo); ngo-2014 ithagethi: 60% kuzo zozimbili izifundo.

Inhloso 3. Kwandiswa inani labafundi beBanga 9 abazobe sebelwazi ulimi nezibalo ezilinganisiwe ekupheleni konyaka weBanga 9. I-Baseline thagethi izonqunywa emva kwe-ANA ka- 2010 ANA.

Inhloso 4. Ukwandisa kwenani labafundi beBanga 12 abazolungela uhlelo lwemfundo yeZiqu eyunivesithi. Ngo 2009 i-baseline: Ilinganiselwa ku-110 000; ithagethi ka-2014: u-175 000.

Inhloso 5. Kwandiswa kwenani labafundi beBanga 12 abazophumelela esifundweni seMathemathiki. I-baseline ka-2009: Ilinganiselwa ku-125 000; ithagethi ka- 2014: 180 000.

Inhloso 6. Ukwandiswa kwenani labafundi beBanga 12 abaphumelele ku- physical science. I-baseline ka-2009: Ilinganiselwa ku-120 000; ithagethi ka-2014t: U-170 000.

IMIKHIQIZO YEZINHLOSO OKUGXILWE KUZO UKWENZENI NGCONO UKUSEBENZA OKUSENDIMENI

Inhloso 7. Ukuthuthukisa ukusebenza kwabafundi beBanga 6 kwezeZilimi.

Inhloso 8. Ukuthuthukisa ukusebenza kwabafundi beBanga 6 kwiMathemathiki.

Inhloso 9. Ukuthuthukisa ukusebenza kwabafundi beBanga 8 kwiMathemathiki.

> “Izinhloso ezisukela ku-1 kuye kweziyi-13 zibhekeke nomkhiqizo esifuna ukuwuthola mayelana nokufunda nenani labafundi ababhalisiwe.”

IZINHLOSO OKUGXILWE KUZO UKUFINYELELA NENQUBEKELAPHAMBILI

Inhloso 10. Ukuqinisekisa ukuthi abafundi bayabhaliswa esikoleni baze babe neminyaka engu-15. Kusukela ngo-2008: U-97.4%; ithagethi ka-2014: U-99%

Inhloso 11. Ukwenza ngcono ukufinyelela kwezingane Esigabeni seMfundo Yasenkulisa (ECD) esezingeni elifanele ngaphansi kweBanga 1.
Inkomba yoku-1 (Amaphesenti abafundi beBanga 1 abathole imfundo esemthethweni yokuqeqeshwa kweBanga R: Kusukela ngo-2008: U-51%; ithagethi ka-2014: U-80%, kodwa u-100% uma kungafakiwe i- ECD esemthethweni.
Inkomba 2: Ireyishiyo yezingane ezibhalisile ezineminyaka esukela ku-0 Iye ku-5
Kusukela ngo-2008: U-25%; ithagethi ka-2014: U-37%

Inhloso 12. Ukuthuthukisa ukukhushulwa kwabafundi kusukela eBangeni 1 kuya ku-9 ezigabeni zesikole.
Inkomba 1: Amaphesenti ezingane ezineminyaka eyi-9, eziphothule iBanga 3. Kusukela ngo- 2008: U-59%; ithagethi ka-2014: 65%
Inkomba 2: Amaphesenti ezingane ezineminyaka eyi-12, eziphothule iBanga 6: Kusukela ngo-200: U-46%; ithagethi ka-2014: U-52%

Inhloso 13. Ukwenza ngcono ukufinyelela kwentsha Esigabeni seMfundo nokuQeqesha okuQhubekayo (FET) ngale kweBanga 9.
Inkomba 1: Amaphesenti entsha athola i-National Senior Certificate (NSC): Kusukela ngo-2008: U-40%; ithagethi ka-2014: U-50%
Inkomba 2: Amaphesenti entsha ithola iziqu ze-FET.
Kusukela ngo-2008: U-41%; ithagethi ka-2014: U-65%

Izinhloso Zohlelo oluSetsheziswayo...

OTHISHA

Inhloso 14. Kuhehwe iqembu Elisha labasebasha, abagqugquzelekile nothisha abaqeqesheke ngendlela efanele bangene emkhakheni wokufundisa njalo ngonyaka.

Inhloso 15. Kuqinisekiswe ukuthi ubukhona nkusetshenziswa kothisha kwenzeka ngendlela ezokwenza kugwemeke ukufundisa amaklilasi amakhulu ngokweqile.

Inhloso 16. Kwenziwe gcono ubungcweti, amakhono okufundisa, ulwazi lwesifundo nelithiresi yekhompyutha kothisha ekusebenzeni kwabo konke.

Inhloso 17. Kuzanywe ukuthola othisha abazosebenza abaphilile nabajabulela umqondo womsebenzi owenelisayo.

Inhloso 18. Kuqinisekiswe ukuthi abafundi bafunda zonke izihloko namakhono ezifundo okufanele bazifunde ngonyaka wabo wokufunda esikoleni.

IZISETSHENZISWA ZABAFUNDI

Inhloso 19. Kuqinisekiswe ukuthi wonke umfundi unazo izincwadi nezincwadi zokusebenzela ezidingekayo ngokwenqubomgomo wezwe.

Inhloso 20. Kwandiswe ukuvuleleka kwabafundi ngobubanzi bemithombo yabezindaba, kanye namakhompyutha, okuzonothisa imfundo yabo.

UKUTHUTHUKISWA KWESIKOLE SONKE

Inhloso 21. Kuqinisekiswe ukuba iznkambiso zokuphatha zaminyaka yonke ziyenzeka ezikoleni zonke lapha ezweni lethu ukuze kuqinisekiswe indawo efanele yemfundo.

Inhloso 22. Kuthuthukiswe ukuzibandakanya kwabazali kanye nabemiphakathi ebuholini bezikole, ngokuphucula indlela ulwazi olubalulekile olufinyeleleka ngakhona kusetshenziswa i-e-Education Strategy.

> “Izinhloso kusukela kweziyi-14 kuya kwezingama-27 abhekene nezindlela zokuthola umkhiqizo wezinhloso eziyi-13.”

UKUTHOLAKALA KWEZIMALI ZESIKOLE

Inhloso 23. Kuqinisekiswe ukuba izikole zithola imali kuya ngamazinga abafundi njengokubekwe ezingeni likazwelonke, kanti futhi nezimali zisebenze ngendlela evulekile nefanelekile.

INQALASIZINDA YESIKOLE NOSIZO LOKWESEKWA

Inhloso 24. Kuqinisekiswe ukuba isizinda sesakhiwe nendawo yezikole zonke iheha abafundi bafune ukuya esikoleni bayofunda; nabothisha abafundisayo.

Inhloso 25. Ukusebenzisa izikole njengezindawo lapho abafundi bezokwazi ukuthola khona izinsiza ezibanzi ezinqala zomphakathi ezifana nezempilo, izibonelelo zabampofu, ukwesekelwa kwezengqondo, ezemidlalo kanye nezamasiko.

Inhloso 26. Kwandiswe izinkole ezisebenzisa ngendlela i-Inclusive Education Policy nezivulelekile ezikhungweni ezinikeza usizo olusipesheli.

Inhloso 27. Kwenziwe ngcono ukuphindaphinda nezinga lokubheka nezinsiza zokweseka ezinikezwa amahhovisi esifunda ezikoleni, njengengxenye yokusebenza kangcono kweMfundo.

I-DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION (DBE) ISUNGULE UHLELO LOKUSEBENZA ULUSABHALWE OKOKUQALA LOKWENZA NGCONO IZINGA LEMFUNDO EZIKOLENI ZETHU ZMPHAKATHI.

Uhlelo lokusebenza okusabhalwe kokuqala luka- 2014 vele selulutholile usizo ngokubuza kanye nangemibono yabaneqaza elikhulu kwezemfundo, kanye neminyango yezemfundo ezifundazweni nasezinhlanganweni zothisha.

Ukweseka kwakho Uhlelo Oluzosetshenziswa kwemukelekile ukuze kuyiwe phambili.

LO MQULU UYATHOLAKALA NGEZILIMI ZASENINGIZIMU AFRIKA EZIYI-11:

- English
- Afrikaans
- isiZulu
- isiXhosa
- Ndebele
- Sepedi
- Tsonga
- Setswana
- Sesotho
- Tshivenda
- Siswati

http://www.education.gov.za
Call Centre: 0800 202933